**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULWA KOHLELO LOMGWAQO U-D1880 EDUMBE MHLAKA 14 MARCH 2015.**

Mphathi wohlelo;
Inkosi yaKwaMthethwa;
Amakhosi aseNdlunkulu akhona;
Amalungu esiShayamthetho;
IMeya yoMkhandlu waseDumbe uKhansela Nxusa;
Izinduna;
Amakhansela;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abemboni yezokuthutha umphakathi;
Izisebenzi zeMinyango kaHulumeni ngokwehlukana kwayo;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sithole leli thuba lokuphinda sihlangane nomphakathi walapha eDumbe ikakhulukazi oPhuzane ku-Ward 8 emcimbini walolu hlobo. Namhlanje wusuku lokuthi sizobongela umphakathi walapha sithi halala ngentuthuko eqhubekayo kule ngxenye yesifundazwe.

Kodwa futhi sithanda ukubonga nani njengomphakathi ngokubambisana noHulumeni nivume ukuthi kungene izinhlelo zentuthuko endaweni yenu.
Phela ukubambisana kwethu nani yikona okwenza ufezeke kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ukufeza lokho ozibophezele kukona.

Imicimbi enjengalona wanamhlanje eyenza sithi ngabe umuntu olele kuphela ongathi akaliboni manje igalelo lalo Hulumeni wentando yeningi ekushintsheni izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal zibe ngcono.

Phela kukhona abantu, esithi ngesiNgisi 'they sleep through revolution'. Yibo labo esithi namhlanje nakuba singeke sibasole ngalokho, kodwa siyabafisela ukuthi sengathi bangakubona ukukhanya ngelinye ilanga.

Siyabafisela ukuthi nabo bafane nabantu abaningi emiphakathini yalesi fundazwe abathi nakuba kusekuningi okusamele kwenziwe, kodwa babonga bangaphezi ngokuthi isifundazwe siyaqhubeka nokuba noHulumeni okwazi ukuphendula ezidingweni zabantu.

Nathi ngasohlangothini lukaHulumeni sizoqhubeka siqinisekise ukuthi asilali futhi asiphumuli uma izimpilo zabantu bakithi zingakaguquki zibe ngcono.

Kule nkulumo yami ngifisa ukuba ngedlule kulokhu kokuthi ngoLwesibili uMphathiswa wezeziMali uNkk Belinda Scott ubethula isabelo-mali sesifundazwe laphaya esiShayamthetho eMgungundlovu.

Esikuqaphelile enkulumweni yakhe uMphathiswa uScott ngukuthi kuzodingeka njengeminyango kahulumeni isithi ukubamba amatomu ekusebenziseni izimali

ezintweni eziningi, ukuze sizame ukonga imali njengoba ezweni lonke kanye nasemhlabeni wonke nje sibhekene nengcindezi yokwehla komnotho.

Kodwa futhi umyalezo ovelile engibona kumele siwugcizelele kubantu bakithi njengalapha ngowokuthi uhlelo lokwehliswa kwezindleko esifundazweni ngeke luphazamise izinhlelo zokulethwa kwezidingo zengqalasizinda, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya njengalapha.

Yikona-ke lokhu okusenza sibe neqholo futhi singesabi ukuthi namhlanje sizonethulela ngokomthetho uhlelo lokulungiswa komgwaqo u-D1880 osuzofakwa itiyela.

Lo msebenzi uzokuba ngu-22 km ubude kanti ibalelwa ku-R275 million imali efakwe kuwona uma usuwonke. Kodwa kulo nyanka sifake imali engu-R47 million yokwakha isigaba sokuqala esingu-5 km kulezi zinyanga ezingu-12 ezizayo.

Lokhu kusho ukuthi ngaboMay ngonyaka ozayo siyobe sesisivula isigaba sokuqala. Lokhu sikusho kuseyimanje ngoba siyabona kungenzeka lokho kube ngaphambi kancane kokhetho lohulumeni basekhaya olungonyaka ozayo.

Siyakwazi phela ukukhuluma okubakhona uma kuza ukhetho, abantu sebebuka ukulethwa kwezinhlelo zentuthuko ngeso lepolitiki yamaqembu.

Thina noma kunokhetho noma lungekho, okwethu ngukuqinisekisa ukuthi izidingo-ngqangi ziya kubanrtu bonke ngaphandle kokubheka ubuqembu bepolitiki. Uma-ke kodwa abantu bebona ukusebenza kwethu bese beyasilandela, phela alikho icala nalapho.

Yingakho futhi noma sekuvela amathuba emisebenzi ngenkathi kwakhiwa umgwaqo siyakugcizelela njalo ukuthi kumele lawo mathuba anikwe abantu bendawo ngaphandle kokubheka ubuqembu bezepolitiki.

Nakulo msebenzi esiwethula namhlanje, kulindeleke ukuba ukudaleke amathuba emisebenzi abalelwa ku-150 kubantu bendawo.

Noma kokunye kuba ngawesikhashana lawo mathuba ngoba asuke eqondaniswe naleyo *project,* kodwa siyazi ukuthi abanye bathola amakhono abagcina sebekwazi ukuthola ngawo imisebenzi kwezinye izindawo.

Ngalo mgwaqo kuzosizakala nezikole njengoMthingani High School, AmaHloni Primary School, Vukuzame Primary School, Ophuzane Primary School, Umnyayiza High School, Imbuthuma Primary School, Zicabangele Primary School, Kwasa High School, Khanyiselizulu High School, Kanyekanye High School kanye nemitholampilo Ophuzane Clinic neTholakele Clinic.

Lapha esifundeni saseZululand jikelele sesibone kaningi ukuthuthukiswa kwemigwaqo nosekwenze ngcono impilo kubantu abaningi.

Imiphakathi eminingi ezindaweni zaseZululand manje ijabulela ukufinyelela ezindaweni lapho abantu abahlala emadolobheni nasemalokishini bekuthatha kalula nje ngoba bazalwa ikhona ingqalasizinda.

Uma sibheka kule minyaka yezimali emibili azayo ibalelwa ngaphezulu kuka-R488 million imali esizoyifaka ekuletheni ingqalasizinda esifundeni saseZululand sonkana lapho senza ama-project amakhulu kanye nemigwaqo emincane engenela ezindaweni zokuhlala emiphakathini.

Imigwaqo engenela ezindaweni zemiphakathi, esithi ama-access roads, siyalekelela kuyona njengoMnyango ngoba omasipala bethu abaningi abakakwazi ukuhlinzeka imiphakathi ngale migwaqo ngendlela eyanelisayo.

Bheka nje kulo nyaka esesiwuphetha ngale nyanga kaMarch besifake imali engu-R18.55 million eZululand ukwenza le migwaqo.

Nalapha eDumbe siyifakile imali emigwaqeni enjengoMsoco Loca Road ku-Ward 5 eNkosini yaKwaMthethwa, uLethintuthuko Maize Growers khona futhi ku-Ward 5 eNkosini yaKwaDlamini noNkambule Primary School Access Road ku-Ward 7 kweseNkosi yaKwaMthethwa futhi.

Naleyo migwaqo esingakakwazi ukuyifaka itiyela senza okusemandleni ukuthi iba sesimweni sokusebenziseka ngokulokhu siyifaka inkwali kabusha.

Kanti naleyo yetiyela siyazi ukuthi eminye seyimidala kakhulu kanti eminye ilinyazwa yizimvula, yingakho-ke nayo sihlale senza izinhlelo zokuyivuselela itiyela kabusha.

Konke-ke lokhu kudinga sicazelane esikhwameni esingewona neze umthamo omkhulu.

Ngaleyo ndlela masiphinde siwubongele kakhulu umphakathi walapha bese sithi njengoba sesibheke esikhathini sePhasika nje, siyaninxusa mphakathi ukuba nibhukule nibe yingxenye yomkhankaso wokugwema izingozi zomgwaqo ngalesi sikhathi.

Abazoya ezinkonzweni mabaqinisekise ukuthi izinqola abazohamba ngazo kanye nabashayeli bazo bonke basesimweni sokuba semgwaqeni.

Ngalawo mazwi sithi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal siyabonga ukubambisana nani ukuze lo mcimbi ube yimpumelelo.

**Ngiyabonga**